

OKWENZEKA ZONKE IZINSUKU

UMsombuluko 8 OCTOBER 2018:

R1 Gal 1, 6-12; Ps 110, 1-2. 7-8.9 and 10c. Go Lk 10, 25-37.
06h30: Mass 07h00: Morning Prayer.

OLwesibili 9 OCTOBER 2018:

R1 Gal 1, 13-14; Ps 138, 1-3. 13-14. 15. Go Lk 10, 38-42.
06h30: Mass 07h00: Morning Prayer; 10h00: Mass

17H00: CHARISMATIC

OLwesithathu 10 OCTOBER 2018: *St Daniel Comboni, Bishop (Memorial)*

R1 Gal 2, 1-2. 7-14; Ps 116, 1. 2. Go Lk 11, 1-4.
06h30: Mass 07h00: Morning Prayer; 10h00: Mass

OLwesine 11 OCTOBER 2018:

R1 Gal 3, 1-5; Ps Lk 1, 69-70. 71-72. 73-75. Go Lk 11, 5-13.
06h30: Mass 07h00: Morning Prayer

OLwesihlanu 12 OCTOBER 2018:

R1 Gal 3, 22-29; Ps 104, 2-3. 4-5. 6-7.
Go Lk 11, 15-26.
06h30: Mass 07h00: Morning Prayer; 10h00: Mass

UKUDUMISA UBUSUKU BONKE

UMgqibelo 13 OCTOBER 2018:

R1 Gal 3, 22-29; Ps 104, 2-3. 4-5. 6-7. Go Lk 11, 27-28.
07h00: Mass; 07h00: Morning Prayer; 11h00—12h30 & 16h30—17h00: Confession; 17h30: Mass

ISonto 14 OCTOBER 2018: 28TH SUNDAY OF ORDINARY TIME —B

07h45: Mass (English) 10h00: Mass (Bilingual); Mass (isiZulu) 12h00

IZIMEMEZELO

- 1. UMNKELO WESIBILI:** Owe SVDP- Sicela niphane. -SVDP inikeza amaphasela okudla abiza inani lika R3000.00+ ngenyanga. Ngaphandle kwalokhu, babuye basize ngezinye izinhlelo njenge indawo yokulala kanye nezinye izidingo. Uma kukhona odinga usizo angashiya imininingwane yakhe ehovisi lepherishi.
- 2. UBUNCEKU / DIZIMO:** Kukhunjujwa amakholwa ukuthi inyanga ka-October kuyinyanga yeDizimo / Ubunceku; lesi yisikhathi sokuvuselela ukuzinikela kwethu - kungaba isikhathi, ithalente kanye nengebo. Ake sithathe lelithuba sizindle sikhulekele lokho esizokunikela kuNkulunkulu. Ngemininingwane ungashayela uNomusa Mkhize ku **081 429 3189**.
- 3. ISONDLO SEBANDLA** Kukhunjujwa amakholwa ukuthi inkathi etsha isizoqala, kucelwa amakholwa ukuba aqinisekise ukukhokhela izinyanga ezisabasalele ukuze sikwazi ukuhlangabezana nezindleko zezimali zalapha eSontweni.
- 4. AMAFOMU EMANDETHI AMAKHOLWA AKHOKHA NGBHANGE (DEBIT ORDER MANDATE FORMS):** Amakholwa akhokha iSondlo seBandla ngohlelo lwasebhange ayacelwa ukuba agcwalise amafomu eMandethi afunwa yibhange ngokushesha. Amafomu ayatholakala etafuleni loMkhandlu woKwalusa emva kwawo wonke amaMisa, nasehhovisi yepherishi ngezikhathi zokusebenza. **NB:** Lokhu kubandakanya bonke abakhokha ngohlelo lwasebhange (Debit Order), noma ngabe usebenzisa liphi ibhange. Siyabonga
- 5. INDALI YAMAKHEKHE:** ICatholic Nurses Guild izoba nendali yamakhekhe namhlanje emva kwawo wonke amaMisa.
- 6. UMHLANGANO WEZIGUNGU:** Uzoba ngomhlaka 13 October ngo 14h00 e-DHC. Abaholi mabaphathe imibiko yamaqembu abo.

IZIMEMEZELO

- 7. UMSEBENZI E-DHC:** Umtholampilo uSizo-Lwethu unesikhala somhlengikazi. Ukufakwa kwezice-lo vuvalwa ngomhlaka 15 October 2018 ngo 09h00. Sicela nibheke ebhodini lezimemezelelo imininingwane egwele.
- 8. IMVUSELELO YE-CHARISMATIC:** Izoba ngomhlaka 22 - 24 October 2018 kusukela ngo 17h30 - 19h30 lapha eKhathedrali. Isiqubulo: “Wozani kimi nina nonke enithweleyo, ngingithwalele” (Mt.11: 28)
- 9. UMDANSO WABO BONKE ABANTU:** 27 October kuzobe kudanswa Edhc. Amathikithi angu R100 lilinye. Ngeminye imininingwane ningaxumana noJo Ann McKay 06700532/ Victoria **0825667195**.
- 10. ISEMINA YABESIFAZANE:** Izoba ngomhlaka 3 November ngo 9am-2pm e DHC. Kumenywa bonke abesifazane, abasha nasebekhulile. Isiqubulo izinkinga eziphathelele nezenkolo, imindeni, njalo njalo ngemininingwane nixhumana no Mrs Mchunu - **0724246070**.
- 11. UMBHABHADISO WABANTWANA (0-5):** Sekuyiso isikhathi sokubhabhadiswa kwabantwana - ‘Ngokuba nonke enabhabhathizelwa kuKristu nembatha uKristo’ (Gal.3:27). Amakilasi ayaqala ngalezinsuku: English - 17, 24 & 31 October; isiZulu - 20, 27 & 3 November Umgubho uzoba ngomngqibelo ngomhlaka 10 November ngo 08h00. Amafomu ayatholakala etafuleni loMkhandlu wokwalusa kanye nasehhovisi leSonto.
- 12. IZIMVALAPHU ZAMAKHAYA KA-MAME (MATER HOMES):** Sicela amakholwa ukuba abuyisela izimvilaphu zamakhaya kaMame, Labo abangakawathathi banqhubeke bawathathebese bewabuyisa ngesonto elizayo. INkosi inibusise.
- 13. UKULETHWA KWEZIPHO:** Sicela imindeni izinikele ngesikhathi sokulethwa kwezipho ngamaSonto. Abasiza emaMiseni (Ushers) bazocela amavolontiya, sicela nihlanganyele.
- 14. IBHOKISI LEZINTO EZITHOLAKELE:** Uma kukhona okukhohliwe noma okukulahlekele ngesikhathi useMiseni uyacelwa ukuba uye etafuleni loMkhandlu woKwalusa.
- 15. INDAWO YOKUPAKA:** Ngamasonto kuwona wonke amaMisa ikhona indawo yokupaka emgwaqeni i-DHC. Siyacela nilalele onogada.
- 16. IROSALI:** Likhulekwa njalo ngolweSine ngo 17h00. Namukelekile nonke.
- 17. SOUTHERN CROSS: ISSUE OF 7th OCTOBER O 2018**
 - 1.Criminals attack priests
 - 2.Be open about money, Church told
 - 3.Synod on Youth: Building the future
 - 4.The graces of Ireland pilgrimage
 - 5.Why do we ‘pray to saints’?

THIS WEEK’S EDITORIAL: The war on the pope

Ministers of Hospitality Mass Coordinators / Reader for Week ending 6-7 October

17h30 – Patrick Auguste
Bathobile Ngcobo & Eric Ayom

07h45 – Gerald Govender
Mary Makumi, Bulelwa Mabuya & Nosipho Zwane

10h00 – Lawrence LaDuce
Sandile Ngcobo, Nomzamo Huwa & Sindy Nxumalo

12h00 - Thulani Magagula
Thoko Dladla, Mayzie Nkosi & Balungile Mkhize

UMZINDLO

Umkhuleko

Nkulunkulu Mninimandla onke, ngokusivuselela ngamanzi nangoMoya Ocwebileyo, uyasithethelela zonke izono zethu. Ake uthume iziphopho zakho eziyisikhombisa zikaMoya Ocwebileyo; uMoya wokuHlakanipha nokuQonda, uMoya wokwaHlulela okuhle neSibindi, uMoya woKwazi neNhlonipho, usigcwalise ngoMoya woKwesaba iNkosi noweziMangaliso. Amen

ISONTO LAMA 28 LENKATHI YONYAKA-B

Isifundo sokuqala: (Hlak.7:7-11) *“Umcebo ngawushaya indiva, nxa ngiwufanisa nokuhlakanipha.*

Isiphendulo: (Hl. 89) *“Ake usenelise ngomusa wakho, yikhona siyakwethaba.”*

Isifundo sesibili: (Heb. 4:12-13) *“ Izwi likaNkulunkulu lahlulela imicabango nemiqondo yenhliziyi ”*

IVANGELI: (Mk. 10:17-30 noma nje 17-27) *“ Hamba uye kuthengisa ngakho konke anakho, ubuye ungilandele.*

UKUKHULEKELA ABAGULAYO

Clementine Pakkies, Bongani Dlanzi, Francisca Mzizi, Iris Dlamini, Patricia Myeni, Hloniphile Cele, Sylvia Mvuyane Mpungose, Michael Francis, cecilia-antonette Chetty, Roderyk Morrison. Sicela sikhulekele abagulayo. Sineqembhu elinakekela abagulayo kanye nabadala noma ngabe basemakhaya noma ezibhedlela. Uma ufisa ukwazi kabanzi ngaloluhlelo ungaxhumana no Mama uThabile Cele kulezizinzombholo zocingo: **082 781 0886** noma **031 2617848** Nomake uqonde ngqo emahhovisi epherishi uyoziyibika. Noma ushayele amahhovisi ethu kulolucingo **031 306 3595**. Ukuze ogulayo noma umuntu osemdala angene kuloluhlelo ungaletsa (1) igama nesibongo sakhe (2) ikheli lapho ehlala khona (3) inombholo yocingo (4) bese nawe uzisho ukuthi ungubani nokuthi wena utholalalaphi.

IZINOMBOLO EZIBALULEKILE

ORGANIZATION	CONTACT PERSON	CONTACT
1. DHC Manager	Jean-Marie Ntamubano	072 549 0338
2. Nkosinathi Project	Sr Cathy Murugan HF	083 956 3726
3. SVDP	Nompumelelo Thungo	031 306 3595
4. Refugee Pastoral Care	Hupenyu Makusha	074 173 2201
5. Baptism (0—5 Years)	Lionel McDonald	072 387 8270
6. Catechism	Maria Sissing	083 246 4444
7. Confirmation	Iris Niemack	073 646 7629
8. RCIA	Iris Niemack	073 646 7629



EMMANUEL CATHEDRAL

Cathedral Road, Durban, 4001, RSA, Tel : (031) 3063595/6 Fax: (031) 3068683

Facebook Page: 'Emmanuel Cathedral'

www.emmanuelcathedral.org.za, Email: secretary@emmanuelcathedral.org.za

ISITATIMENDE SOMBONO KANYE NOBIZO LWETHU

Umphakathi kaNkulunkulu osiza abantu.

Umphakathi owamukelanayo ogxile ezwini likaNkulunkulu.

Sithokozele ukwahlukahlukana kwethu njengomndeni kaNkulunkulu ophuphumayo ngokomoya.

Sizinikele ekuthandeni uNkulunkulu kanye nomakhelwane wethu.

UMPATHI: UBABA NKOSINATHI NGCOBO
ISEKELA LOMPHATHI: UBABA PHUMLANI
MAKHAYE

USIHLALO WOMKHANDLU: UMNU. ALFRED
MSOMI

ISEKELA LIKASIHLALO : UNKKZ. HELEN MCHUNU

USIHLALO WEZEZIMALI: UMNU. BUKELANI
MBHELE

07 OCTOBER 2018

ISONTO LAMA-27 LENKATHI YONYAKA—B

Isifundo sokuqala:

“Bobabili bayakuba muntu-munye.”

Genesis 2: 18-24

ISIPHENDULO:

Hl. 127

Mayisihlahlamelise iNkosi zonke izinsuku zokuhamba kwethu.

1. Ubusisiwe umuntu oyesabayo iNkosi, ohamba ngezindlela zayo. Uzakudla izithelo zemisebenzi yezandla zakho, uzobusiswa, uhamba kahle. **R.**
2. Inkosikazi yakho izoba njengevina elinezithelo eziningi, elihlumayo emzini wakho. Abantwana bakho bayozungeza isithebe sakho, njengezithombo zamasundu. **R.**
3. Bhokani, ubusiswa kanje umuntu ohlonipha esaba iNkosi. Mayikuhlamlamekise iNkosi iseSioni, ubone inhlanhla yaseJerusalema zonke izinsuku zokuhamba kwakho; Ubone abantwana babantabakho. Uxolo malube kubantu beNkosi. **R.**

Mayisihlahlamelise iNkosi zonke izinsuku zokuhamba kwethu.

Isifundo sesibili:

“ Ocwebisayo nabacwetshiswayo baluhlobo lunye.

Heb. 2: 9-11

Ibika leVangeli

Alleluya, alleluya

Izwi lakho, Nkosi, yiqiniso; sicwebise eqinisweni.

Alleluya.

IVANGELI:

Mk. 10: 2 - 6

“Lokho uNkulunkulu akuhlanganisile makungahlukaniswa muntu.”

